education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA 12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2008

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI : Amahora ama-2.

Leli phepha linamakhasi ayisi-9.

Akuvunyelwe ukukopisha leli phepha

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

   ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa

   ISIQEPHU B: Ukufingqa

   ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi

3. Abahlolwayo mabaphendule yonke imibuzo ekuleli phepha.

4. Abahlolwayo mababhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.

5. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 Fundisisa le ndatshana engezansi, bese uphendula imibuzo ezolandela.

Indaba ethinta indawo nobunikazi bayo inomlando ohlale uhambisana nombango ngaso sonke isikhathi. Abaziyo emakhaya bathi indaba yokubekwa inxiwa idingidwa ebandla futhi ihleze isusa umsindo. Kuba njalo nalapho kubakhona ukuncweleka kwemingcele emasimini, kugcina kudale ukuchitheka kwegazi. Yingakho nje sibona lo ginqigonqo okhona mayelana nokubuyelwa kwemiphakathi eminingi yizindawo zawo. Ingani le mindeni yayihambe ngendlela eyayingenabulungiswa ngesikhathi sobandlululo.

UMnyango weZemihlaba neKhomishani ebhekene nalokhu ubukeka wenza okusemandleni ukuthi lolu daba uluphathe ngendlela yokuthi kungabi khona ukuhlukumezeka kwabathile. Ngakolunye uhlangothi abantu abafake izicelo zokubuyiselwa umhlaba sebeqala ukuphelelwa isineke. Futhi kufanele lokhu ngoba uma sekwenziwe isethembiso kuye kube sengathi lokho kuzosheshe kufezeke.

Okuhle nje kukhona imizamo ebonakalayo ekubuyiseleni izindawo ezandleni zabanikazi bazo. Kungekudala nje uNgqongqoshe Wezolimo neZemihlaba kuZwelonke, unikeze izakhamizi itayitela lepulazi. Abamukele leli pulazi kube imindeni esihlale khona iminyakanyaka iyizisebenzi.

Kuhle lokhu futhi kuyancomeka ngoba kukhombisa ukuthi iziphathimandla azigcini ngokukhuluma nje kodwa kubakhona nokunyakaza. Ubunikazi bendawo buza nezinselelo zabo, lokhu kumele isizwe sakithi sikuqaphele. Kungakuhle ukuthi iziphathimandla zibe nezinhlelo zokulandela ukuthi abanikazi abasha bomhlaba bathola konke ukwesekwa. Phela indawo kulesi sikhathi isisetshenziselwa inzuzo ukuze impilo ibe ngcono. Ngeke iguquke impilo yomnikazi wendawo uma ungamthuthukisi.

Endulo indlu emnyama yayinezindlela zokusebenzisa indawo yondle izingane zayo ngokutshalwayo, kubuye kube namadlelo emfuyo njalonjalo. Lolu hlobo lokusebenzisa indawo lwaluhlelelwe imindeni ukuthi isuse ikati eziko. Kwakubuye kube nomthelela futhi ekuhlanganiseni isizwe, ikakhulukazi abantu besigodi abangomakhelwane.

Kungalesi sizathu kufanele abanikazi bendawo baqeqeshwe ngendlela ezokwenza kube nembuyiselo ukuba nendawo. Badinga ukwesekwa ngokuxhaswa ngokufanele ukuze baqale imisebenzi ezokwelekelela ekufukuleni umnotho wakuleli. Abalimi abamhlophe bakuleli zinga abakulo nje, ngoba bathola ukwesekwa ngesikhathi sikahulumeni wobandlululo.

Sengathi nentsha yendlu emnyama ingakucabanga ngomqondo ojulile lokhu uma ikhetha imisebenzi engayifundela. Kufanele sicabange ukuthi cishe konke esiphila ngakho lapha emhlabeni kuvela emhlabathini. Noma kungathiwa ukubuyiselwa komhlaba kuhamba ngonyawo lonwabu kodwa nenja iyawaqeda amanzi ngolimi.

Phendula le mibuzo elandelayo:

1.1.1 Tomula igama elibolekiwe elisesiqeshini uphinde usho ukuthi libolekwe kuluphi ulimi. (2)

1.1.2 Bhala igama elifanele lokwelekelelana kwabantu uma belima amasimu ngaphandle kokuthi bakhokhelane okwakuvamile ngezikhathi zakudala. (1)

1.1.3 Tomula igama elisesiqeshini elizokuba nomqondo ochaza la mazwi: Ukuthatheka kancane kwendawo yomunye umuntu. (1)

1.1.4 Uma umbhali ethi, '**cishe** yonke into ivela emhlabathini' usitshela ukuthi kukhona okungaveli emhlabathini. Nikeza okukodwa ocabanga ukuthi kuqondwe umbhali ngalokhu. (1)

1.1.5 Sebenzisa amanye amazwi emshweni achaza lesi simo sokukhuluma: **Ukususa umsindo** (1)

1.1.6 Kungani kuthiwa ukuxosha indlala **kuwukususa ikati eziko**? (2)

1.1.7 Uhulumeni wakudala wawunobandlululo. Uyavuma noma uyaphika? Sekela impendulo yakho ngokusesiqeshini. (2)

1.1.8 Ucabanga ukuthi kungani umbhali walesi siqeshana abhekise entsheni ukuthi ikhethe kahle imisebenzi emayelana nezolimo? (2)

1.1.9 Kungani ukubekwa inxiwa kuba yindaba edingidwa ebandla? (1)

1.1.10 Ngabe iqiniso noma kungumbono ukuthi uhulumeni uhudula izinyawo ekubuyiseleni indawo kubanikazi? Sekela impendulo yakho. (3)
[16]

1.2 Bukisisa lo mfanekiso olandelayo, bese uphendula imibuzo ezolandela.



1.2.1 Nikeza isaga esihambisana nesimo salo muntu obonakala ehluphekile kulesi sithombe esingenhla. (2)

1.2.2 Ngabe igama elibhalwe ngemuva kule ndoda elithi: 'Ogombela kwesabo' lichaza ukuthini ngale ndoda? Nikeza OKUBILI. (2)

1.2.3 Ngokwakho ukucabanga ukuthi ngabe iziphi izimo ezenza umuntu agcine esecela iminikelo emgwaqeni? Nika kube KUTHATHU. (3)

1.2.4 Bhala izinto EZIMBILI ezikhombisa ukuthi laba bantu abasesithombeni baphila impilo engafani. (2)

1.2.5 Yimiphi imizwa evezwa yile nkulumo: 'Sengathi abakaze bahlupheke. Abasasazi nokuthi siyini?' Nikeza EMIBILI. (2)

1.2.6 Ngabe kuliqiniso noma kuwumbono ukuthi uma umuntu esegwilikile/esecebile akabe esabanandaba nabanye abantu? Sekela impendulo yakho. (3)
[14]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana ngokucophelela, bese uyasifingqa ngamagama akho angama-60 kuya kwangama-70.

Izwe lakithi libalwa namazwe athuthuka ngesivinini esikhulu emhlabeni wonke. Ukuthuthuka kusho isizwe esibheke phambili lapho abantu bakhona beba nempilo engcono bonke. Okudabukisa kakhulu ukuthi ukuthuthuka kwaleli kubonakala kakhulu kubantu abambalwa bese kuthi labaya abalapha phansi batholakale beshona phansi kakhulu kunakuqala.

Okubuhlungu ukuthi ukulunga kwenye into kusho ukonakala kwenye. Futhi kusekuningi kakhulu okufanele kwenziwe njengoba sizobona ukuthi kusenenkinga enkulu yezingozi emgwaqeni. Lokhu kuyinkomba yokungaqeqesheki kwabashayeli ngendlela efanele. Kungenzeka futhi ukuthi kusekhona inkinga yokuthi kukhona abathola izincwadi zokushayela ngezindlela ezingafanele. Kungaba futhi ukuthi kukhona abantu abaningi abangawuhloniphi umthetho womgwaqo nempilo yabantu. Mhlawumbe nemigwaqo ayisakwazi ukumumatha isibalo sezimoto ezikhona ngenxa yezinga layo. Iziphathimandla zizimuka amakhanda zizama ukuxazulula inkinga yezokuthutha emgwaqeni, nokunukubezeka komoya esiwuphefumulayo kuthe bhe.

Okudabukisayo kuleli ukuthi lokho okuthutha umphakathi kusebenza ngendlela engagculisi, okudala ukuba abagibeli bangabi nesasasa lokujikela kulezi zindlela zokuhamba. Kanjalo-ke lokhu bese kwandisa izimoto eziningi emgwaqeni. Mhlawumbe uhulumeni kuyodingeka abe nemikhankaso yokukhuthaza abantu ukuba basebenzise amabhayisikili uma beya emsebenzini noma sebebuyela emakhaya.

Ukusebenzisa amabhayisikili kunikeza abantu ithuba lokuzivocavoca, okuyimpilo kubantu. Kungancipha nabantu abavakashela odokotela. Ukuzivocavoca kuvikela abantu ezifweni ezincane ezinjengemikhuhlane nokunye. Kunganciphisa nemikhaba kwabaningi.

Ezinye zezinselelo uhulumeni abhekene nazo ukwephulwa komthetho okudla uhulumeni imali eningi. Imali esetshenziselwa amajele nokuboshwa kwabantu ingasetshenziselwa ukuthuthukisa izwe lakithi kanjalo nempilo yabantu ibe ngcono. Ukwephulwa komthetho wezwe kusho ukuntengantenga koMnyango obhekene nalokho. Abanye baze bathi izigebengu zivikeleke kangcono kunabantu abahlonipha umthetho kuleli. Sengathi kwawona umthetho lona usubonakala ukhetha amabala. Okunye okubonakala kudida umphakathi ukubanjwa kwezimoto zemali imihla namalanga ngendlela efanayo neqhubekayo. Akuvamisile ukuba kuzwakale ukuthi bekukhona enye imoto noma ezinye izimoto ebezihambisana nethwele imali ziyigadile, ekubeni kuyinto eyenzekayo le. Kubuhlubngu kakhulu uma kuzokwenzeka lokhu kumbandakanye nabantu abasuke bezihambela nje. Okwakobani ukuphuma ekhaya uyozithengela edolobheni bese uhlangana nengozi ebingaqondene nawe, sekudubulana abaphangi namaphoyisa. Ingabe bavelaphi bona laba baphangi?

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

3.1 Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

Abafundi besikole baqhamuke beviliyela ngezindukwana bezohlangabeza isikhulumi sosuku. Bebelandelwa abafana abebeshaya izigubhu ngendlela engakaze ibonwe emhlabeni. Laphaya phambili bebeholwa uthwazi lothwishi lwentombazana, ibinyathela sengathi iyawunyanya umhlabathi. Induku eyithusi ebiyiphethe ibiyizungezisa entendeni yesandla nasemnweni uze ucabange ukuthi inanyathiselwe ngenomfi. Abantu bebengangoZulu eya eMakheni. Kusuke esinamathambo lapho wonke umuntu efuna ukuzibonela isikhulumi ngawakhe, angagcini ngokuzwa ngezindlebe sikhuluma. Abaqaphi basebenze umsebenzi omkhulu benqanda isimo esibi ebesesithanda ukudaleka.

3.1.1 Esiqeshini esingenhla osifundile kukhona amagama amabili ancishisiwe:

Bhala usho ukuthi isinciphiso ngasinye sisebenze sakhombisa mqondo muni.

(a) izindukwana
(b) intombazana (2)

3.1.2 Awubhale umusho ngegama ngalinye ozoveza ukuthi igama elithi: **izindlebe** nalelo elithi: **amadlebe** awasho into efanayo. (2)

3.1.3 Yakha umusho usebenzise igama elilodwa elisho ibinzana ngalinye kwangezansi:

(a) BabengangoZulu eya eMakheni
(b) Ingaphakathi lesandla (2)

3.1.4 Bhala umusho wakho ngegama ngalinye kwalandelayo uveze umsebenzi ofana nalowo eliwenza esiqeshini esingenhla:

(a) laphaya
(b) eyithusi
(c) baqhamuke
(d) ngenomfi (4)
[10]

UMBUZO 4

4.1 Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

Uzobabona bonke abafundi abangawenzanga umsebenzi wabo ngenkathi esebuyile endlini yothisha. Izincwadi zesikole zifanele ukufundwa njalo ukuze umfundi angaxakeki uma sekuhlolwa. Phela umfundi ongawenzanga umsebenzi wakhe ubonakala kalula.

4.1.1 (a) Bhala igama elingumenziwa kulo musho olandelayo: (1)

Izincwadi zesikole zifanele ukufundwa njalo.

(b) Bhala usho ukuthi igama elibhalwe ngokunzima ngabe lisebenze laba umenzi noma laba umenziwa kulo musho olandelayo: Uyabonakala **umfundi** ongawenzanga umsebenzi wakhe. (1)

4.1.2 Kulo musho omkhulu ongezansi yakha umusho omagatsha ube nomshwana okhonzile/oncikile ochazayo kanye nomshwana okhonzile/oncikile okhanyisayo. (2)

(2)

Abafundi bafike bonke.

4.2 Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

Usihlalo wekomidi lomphakathi eliphumayo usukume waphakamisa ukuthi uma sekukhethwa ikomidi elisha bangaphakanyiswa abesifazane ngoba bakhulumela futhi. Inkulumo yakhe yenanelwa amanye amadoda. Umhlangano ucishe wonakala ngesikhathi abesifazane besikaza ukuwuduba. Kusize ukuthi obemele ikhansela asukume akhuze, nakuba ubengakhonjwanga. Lesi siphakamiso sibaphathe kabi abesimame, ngoba kuhlale kumenyezelwa ukuthi abantu okumele babhekelewe ezikhundleni njalo omame.

Tomula amazwi asesiqeshini esingenhla aveza (a) ukuchema (b) inkoloze, ubuye uveze nobubi bawo. (4)

[10]

UMBUZO 5

5.1 Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo elandelayo.

.

QALA IBHIZINISI LAKHO

Zakhele inzuzo engaphezulu kuka-
R10 000 ngenyanga –
uzosetheka!

Sifundisa ukwenza amakhemikhali okuhlanza ikhaya:

- *Dish Washing Liquid*
- *Handy Andy*
- *Bleach*
- *Sta-Soft*

Ungaphuthelwa! Isibalo silinganisiwe

Thintana nalaba: Bongi Ngubane (082 561 1086)
Mlungisi Ndlovu (084 321 4081)

5.1.1 Ulisebenziseleni igama elithi: 'Uzosetheka' umbhali walesi sikhangisi? (2)

5.1.2 Kungani umbhali ethi: 'isibalo silinganisiwe'? (2)

5.1.3 Isikhangisi sisebenzisa ulimi noma kanjani. Lungisa isiphongozo esidwetshelwe lapha: **Zakhele inzuzo engaphezulu <u>kuka</u>-R10 000 ngenyanga.** (1)

5.1.4 Usetshenziselweni umbabazi(!) emva kwegama elithi: 'Ungaphuthelwa'? (1)

5.1.5 Kungani ibinzana lamagama: 'QALA IBHIZINISI LAKHO' libhalwe ngosonhlamvukazi? (2)

5.1.6 Kungani amagama amakhemikhali ebhalwe ngohlobo olwehlukile lwefonti? (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30

AMAMAKI ESEWONKE: 70